**Umbiko WakwaSARS Wokubanjwa Kugagwayi – Umkhankaso obizwa nge-'Irene'.**

**Tshwane, 4 kuMandulo 2025 -** Mhla zi-3 kuMandulo 2025, uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) uhole ukhukhulelangoqo wezobuhlakani oholele ekubanjweni kukagwayi wenani elingu-R56 million ngentengiso yasemgwaqeni engekho emthethweni.

Umkhumbi Ogada Emanzini ekulawulweni kwempahla emngceleni ubambe umkhumbi wezimpahla eduze kwe-*fairway bout* endaweni engaphandle cishe ngamamayela ama-4 ogwini olusempumalanga ne-Durban wawuphelezela waze wayofika endaweni yawo ethekwini. Izisebenzi eziphoqelela umthetho ekulawulweni kwempahla emngceleni bagibele emkhunjini babona iziqukathi eziningi ebezihlonzwe ngaphambi kokuba kufike umkhumbi njengeziqukathi okungenzeka ukuba ziyashushumbisa.

Ukuhlola kuholele ekutholakaleni kwezitini ezinkulu ezingama-25 okusolakala ukuba yisidakamizwa ikhokheyini zifihlwe ezindaweni zokuqandisa zeziqukathi ezimbalwa. Ukuhlolwa kwezidakamizwa kwenziwa futhi kwahlonzwa kahle ukuthi izimpahla ziyikhokheyini yekhwalithi ephezulu kakhulu efanelekela ukuhlanjululwa okwengeziwe nokunwetshwa ibe umthamo omkhulu ukuze isatshalaliswe ngokungemthetho. Umnyango Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni uzithathile izimpahla wase uzidlulisela eMnyangweni Wosizo Lwamaphoyisa (i-SAPS) ukuze uyigcine, uqhubeke nophenyo uphinde ushushise.

UMnu. Edward Kieswetter, uKhomishana wakwaSARS, uncome izisebenzi ngemizamo yazo hhayi ngokuphazamisa nje kuphela ukungena kobugebengu bukagwayi ezweni, kodwa nokuvikela umphakathi emiphumeleni yawo enobungozini. Uthe "le mpumelela iveza ukusebenzisana ngempumelelo kokubambisana nozakwethu base-Brazil. Ukusebenzisana okunjalo okubonisa ukubambisana okuqinile phakathi kwamazwe e-BRICS okushaya kanzima kumaqembu obugebengu obuhleliwe. Le mpumelelo futhi ikhombisa ukuthi imizamo yazo zonke izinhlaka zokuphoqelelwa komthetho ezweni lethu ibhekana nenselelo yokuvikela imingcele yethu".

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SarsMedia@sars.gov.za.

IYAPHELA